

Bafundi Abathandekayo, Abasebenzi kanye NabaFundi Abake Babangabethu,

Nginibhalela ngesikhathi kukhona isimo sokungqubuzana, ngakolunye uhlangothi isenzo sezimboni esidala ukuphazamiseka okukhulu kokusebenza nesithombe esingasihle, ukwehlisa isithunzi kanye nobuqotho balesi sikhungo esikhulu, iNyuvesi Yomhlaba, kanti ngakolunye uhlangothi, ukuzibophezela okukhulu kwabanye ekuqhubekeleni phambili kwesikhungo nempumelelo ye-Unisa ngenkathi kufakelwe izibuko izindaba ezingezinhle.

Ngazi kahle ukuthi iningi lenu lisazimisele futhi lizimisele ukuya emakhempasini ethu ahlukahlukene ukuze nifeze izinhloso zenu zokusebenzela ababambiqhaza bethu, ikakhulukazi abafundi bethu, kodwa nivinjelwa ukwenza lokho ngenxa yesimo esimanzozo esenziwa ngozakwethu ezindaweni zokungena kanye nemigwaqo eholela kwamanye amakhempasi ethu, ikakhulukazi emakhempasini asePitoli naseFlorida.

Lesi simo sibhebhethekiswe nayizigigaba ezimbi eziqhubekayo zokuvinjwa kwemigwaqo nezindawo zokungena ngemfucumfucu nezingodo zezihlahla, ukushiswa kwamathayi, ukujikijelwa kwezikipikili emigwaqweni kanjalo nokusatshiswa okusobala.

Noma kunjalo, ingithokozisile imibiko kanye nokubona ukuthi, phakathi kwakho konke lokhu, kukhona abantu base-Unisa abasaqhubeka nokuthola izindlela zokuqinisekisa ukuthi ezinye zezinsizakalo ezibalulekile ezenziwa yile nyuvesi ziyaqhubeka ngaphandle kokuphazanyiswa. Njengoba nazi, uLwesihlanu olwedlule bekuwusuku lokuqala lwenkathi yokuhlolwa kwesimista yokuqala ka-2022. Ngijabule kakhulu ukuthola umbiko othi usuku lokuqala luhambe kahle kakhulu nokuthi zonke izivivinyo zesimista yokuqala zizoqhubeka. Ngiphinde ngaqinisekiswa ukuthi ezimeni ezingajwayelekile lapho kungase kube nezinsalelo ezithile, amathimba asuke ejutshwe ukuthi apha the izivivinyo ayakwazi ukuhlonza lezi zivivinyo futhi angenelele ngokushesha.

Kubuye kwangijabulisa futhi ukuthi kunemibiko engamanga ephikisana nokubhebhethekiswa kwezinye izindawo kunalokho, Izicelo Zethu Le-inthanethi Zesimista, ezivulwe ngoLwesibili, 10 Nhlaba 2022, zisebenza kahle. Lesi sigaba sokufaka izicelo, esivulelwe kuphela iziqu ezikhethiwe emazingeni e-Undergraduate, Honours kanye ne-Postgraduate Diploma, sizovala zingama-31 kuNhlaba wezi-2022.

Egameni lesiGungu esiPhezulu kanye nawo wonke umphakathi wasenyuvesi, ngidlulisa ukubonga kwethu okusuka enhliziyweni nokuhlanganyela kozakwethu abakulezi zikhala, abaqhubeka nokumela uhlobo lwenyuvesi ngokuzibophezela nokukhuthala okungaka, nakuba kunesimo esinezinsalelo esikhona.

Ukubonga kwethu okukhulu kuya kozakwethu kwamanye amayunithi ahlukene abasaqhubeka nokwenza umsebenzi wabo, nakuba bekwenza ngaphansi kwezimo ezinzima.

Siqinisekisa ukuthi sihlala sizibophezele ekuqhubekeni nokuxoxisana ngokusemthethweni nozakwethu ababambe iqhaza ezimbonini ukuze kuzuze ukuthuthukiswa kwe-ajenda Yezemfundo, imigomo yoBuntu, ubulungiswa kanye noBulungiswa bezenhlalakahle. Kodwa-ke, sifisa ukusho ngokungananazi njengabaPhathi ukuthi amaNyuvesi ayizikhungo zezenzhlalakahle umsebenzi wazo uwukwenza abafundi babe ngoNgqondongqondo abasebenzela umphakathi futhi abaphakathi kwezinguquko zenzhlalohle-

kwezombusazwe nezomnotho ngokwakhiwa kolwazi nokulisabalalisa. Lesi isimemezelo kanye nomyalelo i-Unisa engeke iwuyeke. Ngakho-ke sicela bonke ozakwethu ababhikishayo/abatelekile ukuba bakwenze lokho ngokwemigomo yeNyuvesi kanye nemithetho yezwe, phakathi kokunye, engalukhuthazi udlame, ukusatshiswa kwabasebenzi nabafundi kanye/noma ukuziphathisa okwezigebengu. Sizibophezela ezingxoxweni eziqhubekayo zokuthola isisombululo esinyathelweni sokungaboni ngaso linye nezimboni.

Kunina nonke eniqhubeka nokweseka i-ajenda Yezemfundo sithanda ukunazisa nokutusa izenzo zenu ezinhle. Hhayi ngoba zinganakiwe. Sibonga kakhulu ngokuphakamisela ifulegi lase-Unisa phezulu kulesi sikhathi esinzima.

Nenze Kahle Futhi Niqhubeke njalo.

Ozithobayo

***Solwazi Puleng LenkaBula***

Uthishanhloko kanye neSekela likaShansela